



PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

IKOMIDI LESISHAYAMTHETHO SIKAZWELONKE KWEZOLIMO, EZAMAHLATHI NEZOKUDOBA

Ismemo sezigcawu zomphakathi

Ngokuhambisana nokungumongo wokuphokophelwe yiPhalamende ekuxhumaniseni ukubandakanyeka komphakathi kanye nokufakwa kwawo ezinqubweni zezomthetho, iKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezoLimo, EzamaHlathi nezokuDoba lizobamba Izigcawu Zomphakathi ePhalamende mayelana noMthethosivivinywa wokuChibiyela Wemikhiqizo Yophuzo Oludakayo [B10 – 2016], noMthethosivivinywa kaZwelonke wokuChibiyela wamaHlathi [B11 – 2016], noMthethosivivinywa kaZwelonke wokuChibiyela wezeMililo Yamadlelo namaHlathi [B22 – 2016] ngoLwesibili, mhla ziyi-15 ngoLwesithathu, mhla ziyi-16 kuNcwaba wezi-2017.

NOMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA WEMIKHIQIZO YOPHUZO OLUDAKAYO [B10 – 2016]

UMthethosivivinywa wokuChibiyela Wemikhiqizo Yophuzo Oludakayo [B10 – 2016] uhlose ukuchibiyela uMthetho Wemikhiqizo Yophuzo Oludakayo, 1989 (uMthetho nombolo 60 wezi-1989), ukuze kufakwe izinczelo ezithile kanye nokuchibiyela nokususa ezinye; ukuhlinzekela ukuqanjwa kabusha kanye nokwakhiwa kabusha kweBhodi i-Wine and Spirit Board kanye nokubeka umkhawulo emandleni alo; ukuhlinzekela izidingo eziphathelele nobhiya, umqombothi kanye nezinye iziphuzo ezivutshelwayo; ukuchitha ukuhlinzekela okuphathelele negunya mayelana nemikhiqizo ethile edakayo; ukuhlomisa uNgqongqoshe ukuba aqoke umuntu ozokhipha izitifiketi zokuhambisa emazweni angaphandle; ukuqondisa okunye ukuhlinzekela kuhambisane noMthethosisekelo; ukwelula Amandla kaNgqongqoshe okulawula; ukuhlinzekela ngetemu elibhekela ukulingana kobulili; kanye nokuhlinzekela izindaba eziphathelele nalokhu.

UMTHETHOSIVIVINYWA KAZWELONKE WOKUCHIBIYELA WEZAMAHLATHI [B11 – 2016]

UMthethosivivinywa kaZwelonke wokuChibiyela wamaHlathi [B11 – 2016] uhlose ukuchibiyela uMthetho kaZwelonke wezamaHlathi, 1998 (uMthetho nombolo 84 wezi-1998), ukuze uhlinzekele izinczelo ezicacile zamahlathi emvelo kanye nezindawo ezinezinkuni; ukuhlinzekela ukuthi umphakathi ube namandla okulawula ingcebo kazwelonke yezamaHlathi; ukwenyusa ukugqoguzela nokusetshenziswa kokongamela amahlathi okusimeme; ukwenyusa izilinganiso ezihlinzekelwe eMthethweni ukuze kulawulwe kuphinde kulungiswe ukuchithwa kwamahlathi; ukuhlinzekela ukubuyekenza kwezinqunyo ezithathwe ngaphansi kwamandla nemisebenzi ebekiwe; ukuqinisa amacala nezinhlawulo; kanye nokuhlinzekela izindaba ezifana nalezi.

UMTHETHOSIVIVINYWA KAZWELONKE WOKUCHIBIYELA WEZEMILILO YAMADLELO NAMAHLATHI [B22 – 2016]

UMthethosivivinywa kaZwelonke wokuChibiyela wezeMililo Yamadlelo namaHlathi [B22 – 2016] uhlose ukuchibiyela uMthetho kaZwelonke wezeMililo Yamadlelo namaHlathi, 1998 (uMthetho nombolo 101 wezi-1998), ukuze kuzochitshiyelwa kuphinde kufakwe nezinczelo ezithile; ukuhlinzekela ukuxhumanisa ukwakhiwa kwezinhlangano zokuvikela umlilo omasipala noma umkhandlu wendabuko; ukuphoqa umasipala, amabhizini kahulumeni, amabhizisini omphakathi noma olunye uhlaka lukaHulumeni olunomhlaba ukuthi luhlanganyele nezinhlangano zokuvikela umlilo; ukwengeza Amandla okungena, ukucinga, ukubamba kanye nokubopha kulabo abasebenza ehhovisi elibhekele ukuthula kanye nabaholi bendabuko; ukuchibiyela isihloko soMthetho sithi uMthetho kaZwelonke woMlilo wamadlelo; kanye nokuhlinzekela izindaba ezifana nalezi.

Abantu abanentshisekelo kanye namaqembu afisa ukuphawula kuleMithethosivivinywa engenhlalaba bayacelwa ukuba bathumele izethulo zabo eKomidini lesiShayamthetho sikaZwelonke ungakadluli uLwesihlanu, mhla zizi-4 kuNcwaba wezi-2017. Ababambiqhaza abafisa ukwenza izethulo ngomlomo nabo bayacelwa ukuba bathumele izicelo ezibhaliwe noma baxhumane nehovisi lethu ungakadluli uLwesihlanu, mhla zizi-4 kuNcwaba wezi-2017.

Konke ukubhalelana kumele kuthunyelwe kuNkz Machweme Rosina Semenya, uSihlalo weKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezoLimo, EzamaHlathi nezokuDoba bese ziqondiswa kuNkz Albertina Kakaza, PO Box 15, Parliament of South Africa, Cape Town, 8000 noma nge-imeyili kuleli kheli akakaza@parliament.gov.za noma ngefeksi kule nombolo: 086 694 3529, Ucingo: (021) 403 3765 noma 083 709 8391.

IKhishwe ngu: Nkz Machweme Rosina Semenya, iLungu lePhalamende uSihlalo weKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezoLimo, EzamaHlathi nezokuDoba.

Parliament. Making Democracy Work

www.parliament.gov.za